# Abangani bami abahlukile

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Ucanganga ukuthi kwenzekani esithombeni esilandelayo?
2. Ucabanga ukuthi izophetha kanjani lendaba?


EXTRACT PAGES

Kwakukhona umfana owayehlala enesizungu, engenabo abangani.

Kungani umfana wayephethwe isizungu? Wena unabo yini abangani?


EXTRACT PAGES

“Nwabisa, ngicela ubingelele abangani bami,” kusho u-Abdi ebheka izitshalo. "Ayibo, Abdi izitshalo!" Wadumala u-Abdi.

"Ngicele ubingelele abangani bami" ubani osho njalo?
Obani abangani bakhe?



EXTRACT PAGES

“Abdi, ngiyaxolisa kubangani bakho, uPhepha, uPheya, nabanye," kusho uNwabisa.

Ungaxoxa nezitshalo? Kungani ebiza izitshalo ngabangani bakhe?



EXTRACT PAGES

U-Abdi noNwabisa sebevalelisile kubangani abayizitshalo. Sebeyagoduka ngoba sekuntambama. Babona isihlahla samapetshisi.

Ungenza njani uhlangana nesihlahla samapentshisi avuthiwe? Ungenza njani uma usuhlangana nomnikazi wamapentshisi?



EXTRACT PAGES

Babesheshe bawakha engakavuthwa la mapentshisi asehlane, yingakho ayebaba. Ayebukeka evuthiwe kanti aluhlaza.

Kungani amapentshisi ebaba? Mina nabangani bami sake sawadla amapentshisi angavuthiwe asiphathisa ngezisu. Wena?



EXTRACT PAGES

UNwabisa wamenyelwa isidlo santambama kwa-Abdi. “Abdi, kungani udla izitshalo? Engani uthe lezi zitshalo zingabangani bakho?” Waphendula u-Abdi ukuthi abangani bakhe banakekela umzimba wakhe ngaphakathi.

Wayemenyweleni uNwabisa? Kungani ebiza imifino ngabangani bakhe?

# UMmeli uyamamatheka

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Buka izithombe ekhasini lendaba. Ubonani?
2. Uyalazi ikhaya lezingange. Sixoxele ngalo.



EXTRACT PAGES

Lo uMmeli udukile. UMmeli udukelane nabazali bakhe. Usememeze waze washa izwi. Ngenhlanhla wayithola indlela eya ekhaya kodwa lutho ukubafica abazali ekhaya.

Ngubani odukelane nabazali bakhe? Uyabathola yini abazali bakhe esememeze waze washa izwi?



EXTRACT PAGES

Waqala kanjalo-ke uMmeli ukuhlala yedwa, waba inkomo edla yodwa. Kwakubuhlungu kuyena ukuhlala yedwa kodwa akukho ayengakwenza.

Ingabe wayithola kanjani indlela eya ekhaya uMmeli. Ungenze njani uma ungabhekana nesimo esifana nesikaMmeli?



EXTRACT PAGES

Abazali baMmeli baduka. Akwaziwa ukuthi bashona ngakuphi. Ngabe behlelwa ngumshophi? Noma bathunjwa izigebengu?

Ungahlala yini wedwa? Ucabanga ukuthi kwenzakalani ngabazali bakaMmeli? Balimala, bashona, bathunjwa?



EXTRACT PAGES

UMmeli walandwa osonhlalakahle. Usuku lokuqala uMmeli efikile kuleli khaya futhi akazi noma wenze kahle yini ngokuvuma ukuza lapha.

Ngabe uMmeli usehlala kuphi? Engabe wayengenazo yini izihlobo ezazingamuthatha ahlale nazo?



EXTRACT PAGES

Wayenovalo. Wafika sekuthulekile kungekho othi nkente. Ngabe uzifake enkingeni noma wenze kahle? Le imibuzo eyayiphambana ekhanda kuMmeli.

Kungani edidekile ngesinqumo asithathile? Kungani kuthulekile kuleli khaya afikele kulo uMmeli?



EXTRACT PAGES

Siyakwamukela Mmeli. Nasi isipho esikubekele sona. "Hhawu! Ibhola elihle kangaka! Ngiyawuthanda nombala walo, ngiyabonga!" kusho uMmeli.

Uphatheke kanjani uMmeli lapho esehlala khona? Yini ayithanda ngaleli bhola uMmeli?


EXTRACT PAGES

“Sengathi akulona iqiniso ukuthi leli bhola liyisipho sami, kubukeka kuyibhola akade balilinda.”

Kungani uMmeli engakholwa ukuthi lelibhola liyisipho sakhe? Yini owake waphiwa yona wena wangakholwa?